Isifundo 6 **Ntulikazi 31-Ncwaba 6*

Ukuthola Ukuphumula Ngaphakathi Komndeni



NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku: *Genesise 34; Heb. 11:17-22; Duter. 4:29; 1 Johane 3:1, 2; Genesise 39; Efesu 6:1-13.*

Indimana Yekhanda: **"Ngakho, bathandekayo, njengokuba nazi lokhu ngaphambili, xwayani, ukuze ningadukiswa ngokukhohlisa kwabangenamthetho, niwe ekuqineni kwenu, kepha khulani emseni nasekwazini iNkosi noMsindisi wethu uJesu Kristu. Inkazimulo mayibe kuYe namanje nakuze kube lusuku lwaphakade. Amen"** *(2 Petru 3:17, 18, NKJV)***.**

Insizwa ethile yaqalaza kude ezinkalweni. Yababona. Yayikade icinga abafowabo izinsuku ezimbalwa. Lapho isondela, iqhweba ngezandla lelo dlanzana elaliswacile, ayitholanga ukwamukeleka. *Abafowabo empeleni babefuna ukuyibulala*. Ukuba kwakungesikho ngenxa kaRubeni, ngabe kulhulunywa okunye.

URubeni watshela abafowabo ukuthi ayiphonswe epitsini elomile.

Kamuva, uJuda waqhamuka necebo lokwehlukana naye, bathole imali, ngokuthi bamthengise kulabo abahweba ngezigqila ababedlula ngendlela. Lesi yisibonelo somndeni ongasebenzi kahle.

Siyakwazi ukukhetha izinto eziningi ekuphileni, kodwa hhayi ukukhetha umndeni. Akukho muntu ongenasici, futhi akekho kithina onomndeni ongenasici nomndeni onobudlelwane obuhle ngokuphelele. Abanye bethu sibusisekile ngabazali, abanewethu, namanye amalunga omndeni abonakalisa uthando lukaNkulunkulu, kodwa abaningi babekezelela imindeni ebhedayo. Ubudlelwane emndenini buvame ukuba lukhuni, futhi kube buhlungu, kusishiye singenakuphumula, silimele, sithwele imithwalo ezinhliziyweni nathi esiyithululela kwabanye abantu.

Singakuthola kanjani ukuphumula kukaNkulunkulu emindenini yethu? Kuleliviki sibuka indaba kaJosefa nobudlelwane phakathi komndeni wakubo ukuze sibuke uNkulunkulu esebenza ukuletha ukwelapheka nokuphumula kwengqondo ekhayeni elinobudlelwane obungebuhle.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika Ncwaba 7*

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 44 2021/06/21 14:51

Ukungasebenzi Kahle Kwekhaya

UJosefa wayewazi amakhaya angaqhubi kahle. Kwase kuqalile vele ngokhokho bakhe, uAbrahama noSara. Uma uSara ethola ukuthi akabatholi abantwana, watshela uAbrahama ukuthi akathathe incekukazi yakhe uHagari. Masinyane-nje kokukhulelwa kukaHagari, waqala umbango. Njengoba babekhula ekhaya elinjalo, uIshmayeli noIsaka bathatha leso simo esishubile baya naso kwawabo amakhaya. UIsaka wathanda uEsawu, ngesikhathi uJakobe ezama ngayo yonke impilo yakhe ukuzuza uthando lukayise. Kamuva, uJakobe waluthwa ukuba ashade odade ababili abangazange bezwane, nababencintisana embangweni wokuthola abantwana, baze bafune nosizo lwezincekukazi zabo ukuba zizalele uJakobe abantwana.

Bukeza isigameko esichazwe kuGenesise 34. Lokhu kwaba nomthelela onjani kwezobudlelwane kulomndeni wonke, nakuJosefa?

_____

Umbango ophakathi komama wadlulela ezinganeni, ezakhula zilulungele uthuthuva. Njengabazali abasebasha, abanewabo kaJosefa basebeke basoconga bonke abesilisa endaweni yaseShekhemu. Umfowabo omdala, uRubeni, watshengisa ubundlobondela nokweyisa uyise owayesegugile ngokuthi alale noBiliha, incekukazai kaRaheli futhi engunina wezingane eziningi zikaJakobe *(Gen. 35:22)*. Kusenjalo, umfowabo Josefa, uJuda, wadidanisa umalokazana wakhe nesifebe, waze wathola amawele kuye *(Genesise 38)*.

UJakobe wenezela amalahle kulomlilo wombango kulelikhaya ngokuthi athande kakhulu uJosefa ngokumupha ibhantshi elibizayo elimibala emininingi *(Gen. 37:3)*. Uma kwake kwaba khona umndeni obhedayo, okaJakobe wawuzowuqwaqwada ekhanda.

Ucabanga ukuthi kungani uAbrahama, uIsaka, noJakobe bonke bekleliswe namaqhawe okukholwa kumaHeberu 11:17-22 uma ubuka inhlakanhlaka yobudlelwane emindenini yabo?

_____

_____

Amaqhawe kaNkulunkulu okukholwa avame ukusilela ezingeni lawo nelikaNkulunkulu. Lamadoda abhalwe kumaHeberu 11 hhayi ngenxa yokubheda kwemindeni yawo, kodwa abhalwe noma kubheda kunjalo. Bafunda ngendlela elukhuni ngokukholwa, uthando, nokwethemba uNkulunkulu uma belokhu bebambene nalezingqinamba zemindeni.

wafuziswa ngakuphi ukungasebenzi kahle komndeni? Ukuzinikela kuNkulunkulu nezindlela zaKhe kungakusiza kanjani ukuthi ugqashule lolo fuzo esikhathini esizayo?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 45 2021/06/21 14:51

Ukukhetha Indlela Entsha

UJosefa uhamba nobuhlungu, ubudlelwane obuyindida, nokukhathazeka uma eya eGibithe lapho wayezothengiswa khona njenesigqila. Kwakungelona uhambo lokuthula lolu njengoba wayelokhu eciphiza izinyembezi.

"Kusenjalo, uJosefa wayesendleleni eya eGibithe nalabo abamthengile. Ngesikhathi amakamela ethatha indlela eya ngaseningizimu, emngceleni waseKhenani, wabona laphaya kude, izintaba lapho kukhona umuzi wakubo. Wakhala ngomunyu uma ecabanga ngoyise owayemthanda, kodwa manje onesizungu nokukhathazeka. Kwamfikela futhi okwakwenzeke eDothani. Wabona abafowabo abagcwele ulaka, wezwa ukumgqolozela kwabo. Amazwi ahlabayo ahlangabezana nokubancenga kwakhe ankenteza ezindlebeni zakhe. Ngenhliziyo ethuthumelayo, wazilungiselela ikusasa. Sibona inguquko enkulu yesimo sakhe—ukusuka ekubeni indodana ethandwayo, abe yisigqila esedelelekile. Eyedwa, engenabangane, yayizokuba njani impilo yakhe kulelizwe lokuhamba aya kulona? Okwesikhashana uJosefa wavumela ukukhala okungalawuleki…

"Imicabango yakhe isiphendukela kuNkulunkulu kayise. Ebuncaneni bakhe wayefundiswe ukumthanda nokumesaba. Izikhathi eziningi, etendeni likayise, wayeke alalele indaba yombono owabonwa nguJakobe ngesikhathi ebaleka ekhaya, engumhambuma…Manje zonke lezifundo zamcacela ngokusobala. UJosefa wayekholwa ukuthi uNkulunkulu wawoyise uzokuba uNkulunkulu wakhe. *Khona lapho, ngalowo mzuzu, wazinikela ngokuphelele kuNkulunkulu, wathandaza ukuthi umgcini kaIsrayeli abe naye ezweni lokuthunjwa.*"—Ellen G. White, *Patriarchs and Prophets*, pp. 213, 214.

Ezinye izizwe zigcizelela iqhaza lomphakathi ngaphezu kwelomuntu ngamunye, kanti ezinye zigcizelela iqhaza lomuntu oyedwa kunelomphakathi. Nakuba sizama ukuzenza ngokulingana lezinto, kusobala ukuthi kukhona ukuzinikela kuNkulunkulu komuntu eyedwa, nokuzinikela komphakathi. UJosefa uqala ukuthola ukuphumula ebudlelwaneni bakhe ngokwenza isinqumo sakhe sokulandela uNkulunkulu.

Lezi ndimana ezilandelayo zisifundisani ngokuzinikela komuntu oyedwa? (*Duter. 4:29, Josh. 24:15, 1 iziKronike 16:11, iHubo 14:2, iZaga 8:10, Isaya 55:6)***.**

_____

_____

Ukuze sithole ukuphumula, sonke sidinga ukuzenzela isinqumo sokulandela uNkulunkulu. Noma ngabe okhokho bethu babekade bekholwa kakhulu kangakanani, lokho kukholwa akudluliselwa ngozalo. Khumbula, uNkulunkulu unezingane kuphela, hhayi abazukulu.

Kubaluleke ngani ukuthi zonke izinsuku, noma umzuzu ngomzuzu wosuku ngalunye, ukhethe ukuzinikela kuNkulunkulu? Kwenzekani uma ungakwenzi lokho?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 46 2021/06/21 14:51

Ukuthola Inani Lakho Langempela

Uma uJosefa wayecabanga ukubaleka aye ekhaya, washabalala lowo mcabango uma sebefika eGibithe lapho uJosefa waphinde wathengiselwa isikhulu sakhona. UGenesise 39:1 usitshela ukuthi "uPotifari inceku kaFaro, induna yemilindankosi, owaseGibithe, wamthenga esandleni sabakwa Ishamayeli." Ngokushesha, uJosefa wazithola lapho kukhulunywa ulimi angalwazi, nendlela yokuphila yakhona engayazi.

Imindeni yethu nezihlobo ezisondele ibalulekile ekwakhiweni kokuzethemba. Ujosefa wakhula ezazi ukuthi uyinto ethile ekhethekile—indodana endala kankosikazi oyintandokazi *(Gen. 29:18)*. Ngempela wayethandwa nguyise, futhi kunguyena yedwa onebhantshi elihle elimibalabala *(Gen. 37:3, 4)*.

Kodwa manje wayesengubani? Isigqila, umuntu ongathengwa, athengiswe kalula-nje. Bheka-nje ukuthi isimo sakhe sashesha kangakanani ukuguquka. Bheka- nje indlela impilo eyamjikela ngayo.

UJosefa wafunda isifundo sonke esidinga ukusifunda. Uma sethembela kwabanye abantu ukusitshela ukuthi liyini inani lethu, sizokuba senkingeni, sidideke kakhulu, ngoba akusibo bonke abantu abathanda lokho esiyikho. Kunalokho, inani lethu alibe yilokho uNkulunkulu akucabangayo ngathi—indlela asibona ngayo—hhayi izikhundla esinazo okwamanje.

UNkulunkulu umbona kanjani umuntu nomuntu? *(Isaya 43:1; Mal. 3:17; Johane 1:2; Johane 15:15; Roma 8:14; 1 Johane 3:1, 2)***.**

_____

_____

UNkulunkulu usibuka ngezibuko zothando. Ubona ikusasa, ubuhle, nethalente esingakwazi nokulicabanga. Ekugcineni, wazimisela ukusifela ukuze sithole ithuba lokuba yikho konke esadalelwa ukuba yikho. Nakuba isiphambano sisitshengisa ukona kwethu nentengo enkulu eyakhokhwa ukusihlenga kuso, siphlnde futhi sisitshengise inani lethu elikhulu nokubaluleka kuNkulunkulu. Noma bacabangani abanye ngathi, noma thina sicabangani ngathi, uNkulunkulu uyasithanda, futhi ufuna ukusihlenga, kungekona kuphela-nje, emandleni esono manje, kodwa nasekufeni kwaphakade okuyolethwa yisono.

Umbuzo obalulekile kuseyiwona lowo ofanayo njalo-nje, othi: Sisabela kanjani othandweni lukaNkulunkulu njengoba silubona kuJesu Krestu?

Kunabantu abaningi abasitshela ukuthi asizithande njengoba sinjalo, sizamukele ngokungasoli. Kungani lokho kungukuzikhohlisa? Kubaluleke ngani ukuthi inani lethu livele ngaphandle kwethu, kuLowo owasidalayo nowaziyo ngalokho esingase sibe yikhona?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 47 2021/06/21 14:51

Ubudlelwane NgokuKaNkulunkulu

Ekuqaleni, indaba kaJosefa eGibithe ihamba kahle. UJosefa uzigcinise kuNkulunkulu, uNkulunkulu uyambusisa. UJosefa uyakhula uyandlondlobala, afinyelele ezingeni angazange acabange ukuthi angafinyelela kulona endlini kaPotifari.

Izibusiso zikaNkulunkulu zabonakala ngayiphi indlela ephathekayo empilweni kaJosefa? Bunjani ubudlelwane bukaJosefa nabanye abantu? Funda uGenesise 39:1-6.

Nakuba uJosefa ebonakala ezwana kahle noPotifari, enobudlelwane obuhle nabanye abasebenza kulelo khaya nasemasimini—kwaqala inkathazo. Kukhona othile ngaphakathi kwekhaya ongenakho ukuphumula.

UJosefa ubhekene nayiphi inkinga eqondene nezobudlelwane? Ukhetha ukuyilawula kanjani? Funda uGenesise 39:7-10.

UJosefa unenkinga ngomkaPotifari. Mhlawumbe asibeke ngenye indlela: *umkaPotifari unenkinga.* Ubuka abanye abantu njenge "zinto" angazixhaphaza, azisebenzise. Ufuna "ukusebenzisa" uJosefa. UJosefa uchazwa ngokuthi "wayebukeka, emuhle" *(Gen. 39:6)*. IBhayibheli alivamile ukuchaza ukubukeka kwabantu, ngoba uNkulunkulu 'akabuki njengokubuka komuntu; umuntu ubuka ingaphandle, kanti uNkulunkulu ubuka enhliziyweni' *(1 Sam. 16:7), NKJV)*. Kulendaba ubuhle bukaJosefa bubonakala buyisikhubekiso kunokuba bube usizo ekuzameni ukuphila ngokuhlanzeka nokwethembeka emiyalweni kaNkulunkulu.

Phezu kokuphikelela kwalo wesifazane ongcolile, uJosefa wenza into eyabonakala sengathi iphambene nehlombe. Usebenzisa izimiso zeBhayibheli kubo bonke ubudlelwane bakhe—kulendaba, umkaPotifari. Izimiso zeBhayibheli ebudlelwaneni azikadlulelwa yisikhathi, njengoba bonke abake bezwa imiphumela yesono bengafakaza (yithina sonke labo).

IBhayibheli lithi lesilingo asifikanga kwakanye kuphela. UmkaPotifari wayelokhu emncenga usuku ngosuku *(Gen. 39:10)*. UJosefa wazama ukuchaza isizathu sesinqumo sakhe *(Gen. 39:8, 9)* kodwa kwanhlanga zimuka nomoya.

UJosefa uyazi ukuthi akakwazi ukulawula ukukhetha noma izinqumo zabanye abantu. Ukhetha ukuphila, ukuthanda, nokuphatha labo abamzungezile ngendlela ezonika uNkulunkulu udumo. UJosefa wafunda ukuphila nobukhona buka Nkulunkulu. Lolo lwazi lwamsiza ukumelana nesilingo.

Wake wazama ukusebenzisa izimiso zeBhayibheli kubo bonke ubudlelwane bakho, nalapho lomuntu omunye "engenzi ngokomthetho"? Kwaba nomphumela onjani? Funda uMathewu 5:43-48. Kubaluleke ngani ukuphila ngalendlela?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 48 2021/06/21 14:51

Impikiswano Enkulu, Eduzane Nawe Uqobo

Njengoba sazi ngokufunda lendaba *(Gen. 39:11-20*), uJosefa uhlukumezeka ngenxa yesinqumo sakhe esihambisana nomthetho. UJosefa ufakwa ejele. Njengempahla kaPotifari, uJosefa wayengabulawa khona lapho, kungabi ndaba zalutho. Ngokusobala uPotifari akamkholwanga umkakhe, kodwa ukuze avikele isithunzi sakhe, kwafuneke enze okuthile. Kodwa, naphezu kwalezo zimo ezimbi, imiBhalo ithi uNkulunkulu wayenoJosefa *(Gen. 39:21)*.

Impilo kulomhlaba ayinabo ubulungiswa. Okuhle akuklonyeliswa ngaso sonke isikhathi, nobubi abujeziswa ngaso leso sikhathi. Nokho, kukhona izindaba ezimnandi: uJosefa angakuthola ukuphumula ngisho nasejele, ngoba uNkulunkulu unaye. Ejele wayengakhetha ukuzindla ngesihluku sodaba lwakhe, angazihlanganisi nabanye, noma avele adele uNkulunkulu.

Wenzani uJosefa ngesikhathi esejele? Unabudlelwane buni nalabo abamzungezile? Funda uGenesise 39:21-40:22.

_____

_____

Ejele, uJosefa usebenzisa isimo azithola ekusona, hhayi okuyisona esihle. Uyaxhumana, usiza abanye, nakuba isimo ejele singafiki nakancane kuleso asifisayo. Kanti uJosefa naye uyalucela usizo, azibeke engcupheni. Ucela usizo kumphathizitsha wenkosi ngesikhathi emchazela iphupho lakhe.

Yisiphi isithombe esikhulu sobudlelwane esdwetshwa uPawulu kwabaseEfesu 6:1-13?

_____

Ubudlelwane bethu buyisifanekiso esincane sempikiswano enkulu ephakathi kukaNkulunkulu noSathane, eqhubekayo kuyo yonke iminyaka. Lokhu-ke kusho ukuthi *abukho ubudlelwane obuhle ngokuphelele*. Bonke ubudlelwane abube nethuba lokukhula, kanti uSathane ugaqele ukusebenzisa bonke ubudlelwane bethu ukufeza izinjongo zakhe—kakhulukazi ubudlelwane nalabo abasondelene kakhulu nathi—ukuze aphikise, futhi akhubaze intando kaNkulunkulu ngempilo yethu. Asibonge ukuthi asishiyiwe ukuthi silwe lezimpi sisodwa. IZwi lika Nkulunkulu lisinika izimiso zobudlelwane bethu. Isithembiso saKhe sokusinika ukuhlakanipha *(Jakobe 1:5)* sibandakanya nobudlelwane bethu. Njengoba wayenoJosefa, uyethembisa ukuba nathi uma ubudlelwane bethu busixaka.

Cabanga ngesithembiso sikaNkulunkulu kuJakobe 1:5, uthathe umzuzwana uthandazele ukuhlakanipha ebudlelwaneni bakho. Ungavuleleka kanjani ekunxuseni kukaMoya oNgcwele kulobo budlelwane bakho nalabantu?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 49 2021/06/21 14:51

Ukujula Nomcabango: Ethathela kulokho okwenzeka kuJosefa nomkaPotifari, uEllen White wabhala wathi: "Nasi isibonelo kuzo zonke izizukulwane eziyophila emhlabeni….uNkulunkulu ulusizo njalo, uMoya waKhe uyisivikelo. Noma bezungezwe yizilingo ezinzima, kukhona umthombo abangathola kuwo amandla, okumelana nezilingo. Kwakunzima kakhulu ukuhlaselwa kwesimilo sikaJosefa. Kwaqhamuka ngomuntu osesikhundleni, onomthelela omkhulu wokudukisa. Kodwa, uJosefa wamelana naso ngokuzimisela nokungananazi….wayebeke udumo lwakhe ezandleni zikaNkulunkulu. Nakuba wavunyelwa ukuthi ake ahlupheke okwesikhashana, ukumlungisela ukuthatha isikhunda esibalulekile, kodwa uNkulunkulu wasilondoloza leso sithunzi esasibekwe ichaphaza owesifazane ongalungile, kwathi kamuva, ngesikhathi saKhe, wenza ukuthi sikhazimule. UNkulunkulu wenza nejele libe yindlela yokuphakanyiswa kwakhe. Ubuqotho, ngokuhamba kwesikhathi, buzothela izithelo. Isivikelo esasemboze inhliziyo kaJosefa, ukwesaba uNkulunkulu, okwamenza athembeke, abe ngolungileyo kumqashi wakhe, ethembeke nakuNkulunkulu. Akafunanga ukutshengisa ukungabongi ngokuthi asebenzise ngendlela engalungile ukwethenjwa yinkosi yakhe yize yayingeke yazi ngokwenzekile."—Ellen G. White, *The Spirit of Prophecy*, vol. 1, p. 132.

Imibuzo Yokuxoxisana:

❶ Ukuba umKrestu olandelayo-nje, noma ukuba umAdventist ngenxa "yesiko" ngeke kusisize ukuthola ukuphumula ebudlelwaneni bethu. Yini umehluko phakathi komAdventist "wesiko" nomuntu okholwa ngeqiniso?

❷ Udade X usanda kuzihlanganisa nebandla. Ugane umuntu ongakhonzi nathi. Uyamthanda umyeni wakhe, kodwa yena akazithandi izinguquko azibona kumkakhe. Ungalicebisa uthini lelilunga elisha, ngokwesekelwa yizimiso zeBhayibheli?

❸ Umbhali waseRashiya, uLeo Tolstoy wabhala wathi: "yonke imindeni ethokozayo iyefana; umndeni ongathokozi awuthokozi ngeyawo wodwa indlela." Yonke imindeni, ngandlela thize, ike ifikelwe yisimo sokungasebenzi kahle, ngoba phela yonke yakhiwe yizoni, yileso naleso sifika nokusilela kwaso emshadweni. Singenza kanjani, ngabanye ngabanye, ngokusizwa umusa kaNkulunkulu, ukulandela izimiso zeBhayibheli zothando, ukuxolelana, ukuthwalisana imithwalo, njalo njalo, ukuze kube nokwelapheka ebudlelwaneni bethu bomndeni?

❹ Abaningi bathole izinto zibahambela kahle bona nemindeni yabo, kwase kuthi gubhubhu, kwavela inhlekelele. Ngezikhathi ezinjalo, kungani ukubambelela ekukholweni, ukubambelela ezithembisweni eziseZwini likaNkulunkulu, kubaluleke kangaka? Kakhulukazi uma konke kusahamba kahle, kubaluleke ngani ukulungisela ngokwasemoyeni, izikhathi ezilukhuni?

Zulu STG 321_body A5 112pp.indd 50 2021/06/21 14:51